

Izinyosi ziqala impilo njengamaqanda. Amaqanda ayachamusela, abe yisiphungumangathi agcine abe yizinyosi.






Izinyosi ziyizinambuzane ezikhuthele.

Zinombala ophuzi nemigqa ensundu.

Imizimba yezinyosi ihlukaniseke kathathu: kunenhloko, isifuba nesisu.


Zinamehlo ayisihlanu. Amabili awo makhulu.

Futhi zinemilenze eyisithupha. Lemilenze inemisebenzi eminingi efaka nokuhlanza izimpondo zokuzwa, ukubamba izinto, nokuthatha uju.

Kunezinhlobo ezininingi zezinyosi.

Ezidume kakhulu izinyosi zoju.

Zihlala ngezizwe ezifana nenkosi yezinyosi.





Izinyosi zithanda indawo eseduze nezitshalo nezimbali. Lezindawo zifaka phakathi izingadi, amadlelo namahlathi. Lapho kunezimbali ezininingi khona, izinyosi zihlala lapho.

Inkosi yazo izalela amaqanda amaningi, bese kukhula isibalo sezinyosi.

Izinyosi zikhuthele kakhulu ekwenzeni uju. Izinyosi ezisebenzayo zihlanza indlu yezinyosi, zibuthe impova noju. Zenzela ukuthi isizwe sithole ukudla.





Izinyosi zoju zikhuluma ngokusina. Uma zibona izimbali ezinhle, zimema ezinye izinyosi ngokusina. Lokhu kungoba izimbali zingumthombo woju lwazo.

Izinyosi zidlala iqhaza elibalulekile ekongeni imvelo ngokusiza izitshalo ukuthi zikhule. Njengoba izinyosi zidla uju, zithatha impova ziyise ekhaya. Izinyosi zithwala impova ngemilenze nemizimba kusukela kwenye imbali kuye kwenye.

Enye impova iyawa endleleni eya ekhaya. Lokhu kubangela ukuthi izimbali ziqhakaze ezindaweni eziningi.

Uma zifika ekhaya, zisebenzisa impova noju, zithwale ngesisu ukuze zenze uju.

Izinyosi zoju kuphela kwezinambuzane ezikhiqizela abantu ukudla ukuze badle. Uju lunoshukela, futhi lumnandi. Ngesinye isikhathi lusebenza endaweni kashukela. Lusetshenziselwa nokwelapha izilonda ngokulugcobisa ezilondeni.

Uma sibona izinyosi zindiza, asikhumbule ukuthi zisebenza ukusenzela uju, nokwandisa izimbali.



Ulwazi Lwethu Readers

### Izinga 1-2

- Isomiso
- UNunu noBobo
- Amawele asizayo
- Lingandiza?
- Vala, vula, veza!
- Imbongolo kaGumbi
- Inyoka esibayeni!
- UMbali ukhumbule ubaba
- UMbimbi nesicabucabu
- UNdumi ufuna ukupenda
- UBongi umatasatasa!
- Basepulazini
- Bukela kimina, Phephe
- UShaka umangele!
- UMenzi nokuhlanzeka!
- Umlilo!
- Bahlala bebobabili!
- Umshado wezinkawu
- UShonaphi ulimele
- Asongeni amanzi
- UFumani nembuzi
- Isobho lemifino
- Isihluthu
- Abangani kunoma yisiphi isimo sezulu!
- Ubuchule bukaSidlodlo

### Izinga 3

- Ijazi eliguqukile
- Angiyithandi imifino!
- UNtando ojabulile!
- Uthingo lwenkosazane lukaThando
- Ingubo kaShila
- Uthando lwamawele
- Izicathulo zikaThobile ezintsha
- Basiza umkhulu ukuze alulame
- UNtombi ubamba isigebengu!
- Isifo sezingulube
- Umlimi uNceku nezinkawu
- Ukufunda ngamaxoxo
- Isifiso sikaNhlawulo siyafezeka
- Amanzi! Amanzi!
- Isihlahla eselaphayo
- UMoli neziqhumane
- Amaqanda kaDwiki alahlekile
- Isimangaliso sembewu
- UMabonwa uyasazi isikhathi
- Soweto
- Icebo elihle likaMandla
- Izipho
- Isibhelane sikaKulani
- UFani noSiba
- Umdlali ovelele
- Ibhola elilahlekile
- Indandatho yegolide
- UMondli uphethwe yisisu
- Ukunambitha ukudla kwesiVenda
- Isiko lwamaVenda
- Sivakashela esiqiwini
- UNomazwi uzigcina ephilile!

### Izinga 4-5

- Izinyosi
- Ujaheni Wenzile?
- Ingwenya enonya
- Izinhlobo zezithuthi
- Ukuziphindisela kwezinkunzi
- UThuthuva uqala kabusha
- Intombazana ehlakaniphile
- Izimpahla zinkulu kimi!
- Abafana abahlakaniphile
- Umdobi wezinhlanzi
- Ubusuku obungalaleki
- Isifo somkhuhlane
- UNomadlakadlaka onesibindi!
- Inkinga engadini kagogo
- Isicathulo esihle
- Iphupho likaSiviwe

Ulwazi Lwethu yiphrojekthi yeZenex Foundation exhaswe ngezimali futhi esungulwe ukuthuthukisa uchungechunge lwezincwadi zokufunda zolimi lwase-Afrika, ezisemazingeni kanye nezokungcebeleka, nezinsiza zokusekela othisha. Le phrojekthi iqondiswe ekufundiseni nasekusekeleni abafundi abaseSigabeni Sabokhewane ukuze bathuthukise ukufunda nokuqonda kwabo ulimi lwasekhaya. Izincwadi zokufunda zisungulwe ngezilimi eziyisishiyagalolunye zase-Afrika ngokubambisana neMolteno Institute for Language and Literacies, Nelson Mandela Institute for Education and Rural Development, Room to Read South Africa, kanye neSaide. Zonke izinsiza zenziwa njenge “Open Education Resources” (OER).

Please visit our website to download the full copy of this reader:
***ulwazilwethu.org.za***

Creative Commons Attribution-NonCommercial-NoDerivatives (CC BY-NC-ND) 4.0 International Licence

Disclaimer: You are free to download and share this work as long as you attribute Zenex Foundation, but you may not change this work in any way or use it commercially.

ISBN: 978-1-77981-539-2

Ulwazi Lwethu